# *KHULUMA EDWALENI FUTHI LIYAKUVEZA AMANZI AYO*

Ngiyabonga, mfowethu.

2 Ningahlala phansi. Ngiyaxolisa ukunigcina nimile nicula isikhathi eside kangaka, kodwa ngisanda kuhlangana nomngani omdala osekuyiminyaka ngingamboni, khona ngaphandle lapha, uMfowethu Noel Jones. Sasivame ukuzingela ndawonye ezansi e-Arkansas. Ningizwile ngikhuluma ngakho izikhathi eziningi, umfo owayenamehlo ebanda, owayekwazi ukudubula izingwejeje lapho enganingakwazi ngisho nokuzibona khona. Futhi ngakho, kwenzekile nje ukuthi ngambona, ushintshile kancane, futhi usengumkhulu manje, kodwa ngijabulile ngempela ukumbona.

3 Omunye wangitshela, omunye wami, unobhala wasensimini, ukuthi—ukuthi—ukuthi kukhona omunye umngane wami phakathi lapha kulobubusuku, umngane omdala, uMfowethu Morrison ovela ezansi ngase—ezansi ngaseSan Francisco. Angazi noma uMfowethu Morrison ubengama yini, noma abambe isandla sakhe, noma okuthize, lapho ebenginga… [Umfowethu uthi, "Morris."—Umhl.] Morris, uMfowethu Morris. Busiswa. Ngiyajabula ngempela ukukubona futhi. UNkulunkulu akubusise.

4 O, uthisha weBhayibheli omdala. Ngiyakhumbula…Ngabe lowo udade, onawe lapho na? Ya, awu, ngijabula ngempela uku—ukunibona. INkosi inibusise. Babengabanye babaxhasi bami bokuqala ngenkathi ngiqala ukufika eWest Coast eminyakeni eminingi, eminingi edlule. O, leli liphenduke laba yiviki lokuza ekhaya, ngeke na? Kuyamangalisa!

5 Awu, siyajabula ukuba nomfowethu nodadewethu, noMfowethu Jones, uDadewethu Jones. Futhi ngiyakhumbula ngabo eminyakeni edlule, angicabangi ukuthi usephakathi okwamanje, usemuva ekhuluma nabanye babo, si…wangibuza, ngase ngibe cishe nezinsuku eziyisishiyagalombili nobusuku epulpiti, wathi, "Mfowethu Branham, awuthandi ukuzingela nje kancanyana na?"

Ngathi, "O, ngiyakuthanda."

6 Wathi, "Awu, ngizokuthatha siyozingela," noMfowethu Johnson nami. Ngakho wayenesibhamu esidala ingebe i 97, nina madoda niyazi ukuthi ngikhuluma ngani, esizedlula zonke esake senziwa. Kwase kuthi-ke, ngakho-ke wayenesinye isibhamu esidala lapho ababesibolekile, okwakungumphini omdala onjengowevolovolo nje, niyazi, isibhamu esidala—esidala. Futhi

njalo lapho udubula umbhobho owodwa, sasikhahlela sivule i. . . uzofanele uhambe nenduku, ushaye igobolondo liphume ngemuva. Futhi uMfowethu Noel wathi kimi, wathi, "Manje, Mfowethu Branham, thatha *lesi*sibhamu."

Ngathi, "Qhabo, ngingakwehlula noma ngaluphi usuku nga*lesi* lapha."

Wathi, "Ngiyakutshela, kungcono uthathe isibhamu."

7 Ngakho bayidedela inja, futhi yagijimisa cishe izingwejeje eziyishumi nanhlanu zakhwela esihlahleni, futhi yakhonkotha. Saqala ukugijimela ngaleya lapho eyayikhona, wathi, "Manje, uma ufuna izingwejeje, leli yithuba lakho lokugcina, kungcono uthathe lesisibhamu."

Ngathi, "Qhubeka nje uhambe."

8 Awu, lowomfo waba nezingwejeje cishe ezintathu ngokushesha, angikaze ngikubone ukudubula okungako empilweni yami, izingwejeje ziqathaka ndawo zonke. Ngadubula kanye, into endala yacishe yangikhahlela yangilahla phansi, nga—ngangizama ukushaya igobolondo liphume kuso.

9 Sathatha uMfowethu Johnson izinsuku ezithi azibe mbili emva kwalokho, lowo kwakungumukhwe wakhe, futhi sadingeka sihambe sinqamule i—i, emfudlaneni omncane wamaxhaphozi, njengoba kunjalo, le ngale e-Arkansas lapho. Futhi yena, ngakho wayenepheya elilodwa lamabhuzu. Ngakho, uMfowethu Noel wayengomkhulu kunabo bonke, omude, umfo ozacile, futhi wangiqukula wayesengibeka emhlane wakhe, futhi washo wanqamula exhaphozini. Uyabuya futhi wathola uMfowethu Johnson, ungomncane, omfishane, umfo okhuluphele, ngaphumela lapho, futhi ngaqala ukugcona, wahleka wayeseqathaza uMfowethu Johnson phakathi ngqo namanzi. O, he!

10 O, uNkulunkulu akubusise, Mfowethu Johnson. Ngi. . . Usanda kungitshela nje ukuthi ugula kakhulu, ngakho ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uSomandla uzosiza uMfowethu Johnson; lowo ngumkhwe wakhe.

11 O, ngiyanitshela, noma yikuphi lapho ngizulazula khona, ezinye ezinhle kunazo zonke, izinhliziyo ezindala zishaya ngaphansi kwalawo mayembe amadala aluhlaza sasibhakabhaka ezansi e-Arkansas. Ani. . .? Bangaki abase-Arkansas olapha na? Ake sibone izandla zenu. Awu! Yonke iCalifornia eyenziwe ngakho ngabase-Oklahoma nabase-Arkansas bayangitshela, ngakho. . . Awu, lokho kuhle kakhulu. Abantu abakahle kakhulu kokubili e-Oklahoma nase-Arkansas. Ngokusobala, ndawo zonke othola abantu bakaNkulunkulu, bangabantu abakahle, kunjalo impela, ndawo zonke.

12 Sibe nomhlangano omangalisayo kulokhu ukusa, inhlanganyelo enhle ekudleni kwasekuseni kweFull Gospel

Business Men. Ngifike lapho sekuleyithi kancane, kodwa ngikwaze ukujabulela ezinye zezibusiso zeNkosi. INkosi yehla futhi yasibusisa lapho ngikhuluma ngokuthi *Indlela Ehlinzekiwe KaNkulunkulu Yokuya Enhlanganyelweni*, nokuthi uNkulunkulu usibone kanjani ngeGazi leNdodana yaKhe, nezono zethu ezibomvu zazimhlophe njengeqhwa.

13 Manje, kusasa ebusuku, makabongwe noma ngabe bekungubani, oshintshe leyonkonzo kusukela ntambama kwaze kwaba sebusuku, ngoba impela ku. . . Ngikukhulekele. Manje, asifuni ukuzama ukususa imihlangano emabandleni, sizama ukuba nemihlangano yethu kanje ntambama ukuze abantu bezokwazi ukwethamela amabandla phakathi, e, enkonzweni yabo uqobo. Kodwa bekuyoba ngokuvutha bhe kweyakusasa ntambama. Futhi ngakho sijabula kakhulu ukuthi abefundisi bakhipha amabandla abo, kanjalonjalo, ukuba eze emhlanganweni.

14 Manje, nina zivakashi lapha, ekuseni zitholeleni elinye lalamabandla amahle lapha e—esigodini futhi nilethamele, nomaphi lapho ubona khona ibandla elihle, ibandla lokuzikhethela kwakho. Abefundisi, ngiqagele usevele wethuliwe, kanjalonjalo, futhi kwashiwo ukuthi bavelaphi, yethamelani amanye alawomabandla ekuseni, bese kuthi-ke, futhi nibasize, ngoba bakhipha izinkonzo zabo, abaningi babo, kusasa ebusuku ukwethamela i, lenkonzo lapha.

15 UNkulunkulu anibusise, bazalwane bami, leyo yinto yobuqhawe, lolo wubambiswano oluhle, ngiyakuthakasela. Yizinto ezinjengalokho, eziletha enhliziyweni yomuntu, lokho kumenza afune ukubuya futhi, ngandlela thize, ukuba abe nenhlanganyelo. Ngithemba ukuthi kuzoba nemiphefumulo esindiswayo, ukuthi amabandla enu azophumelela. Futhi noma yisiphi isifiso onaso enhliziyweni yakho, kwangathi uNkulunkulu angakupha sona, nina, nani bantu abakahle osinika lolubambiswano oluhle ngalobubusuku obushisayo balemvuselelo.

16 Kusasa ntambama, sihlose. . . Ngethembisile ukuthi wonke umuntu oza emhlanganweni uyoba nekhadi lomkhuleko, sinobunye ubusuku bokubona okufihlakele, sizama ukucosha amakhadi kamuva, bese kuthi-ke wonke umuntu owethamelile, obefuna ikhadi lomkhuleko, angaba nalo, futhi ngiyokhulekela wonke umuntu obenekhadi lomkhuleko, wonke umuntu obefuna ukukhulekelwa, bengizokwenza impela. Ngakho sizozama ukwenza lokho kulobubusuku nakusasa ntambama, noma, kusasa ebusuku.

17 Amakhadi azokhishwa cishe ihora ngaphambi kwenkonzo. Ngingathi uma iqala ligamenxe elesikhombisa, ligamenxe elesithupha. Wonke lowo ofuna ikhadi lomkhuleko, woza ligamenxe elesithupha bese ulithola. Isizathu sokuba senze

lokho, kungcono kunakho konke kubo ukuba beze ngokukhulu ukushesha ukuze bathole ikhadi, kodwa sinikeza indawo encane lapho ngoba asifuni ukuphazamisa ezinye izinkonzo.

18 Unobhala wasensimini, uMfowethu Goad, uMfowethu Mercier, nabo usanda kumemezela kimi, lokho kusobala, kusasa kuyobe sekuleyithi kakhulu ukuthola amateyipu noma izincwadi. Sikwenze umkhuba wokungakuthengisi neze ngeSonto, ikakhulukazi lamateyipu, nezincwadi, nanoma yini abanakho. Manje, lezozinto akusizo ezami, azisizo ezami. Angitholi-mali nhlobo, ngithola iholo ebandleni lami, amadola ayikhulu ngeviki.

19 Futhi ngakho, uma nje besingagijima sikhuphuke ngomgwaqo omkhulu oya eZulwini kanjalo, besingeke yini senze okuthize na? Njengaleyo mijaho yosigedlemba eqhubeka phandle lapho; kodwa angikholwa ukuthi bangangiminzisa, angikholwa ukuthi bangakwenza, singavele sikumemeze lokho kube phansi. Uma izindonga zaseJeriko zawa ngokumemeza okuthize, ngani, kancanyana bekungeke kulimaze manje, bekungakwenza na? Mhlawumbe amaketango abeyowa ngaleyonkathi.

20 Ngakho sibheke ubusuku bakusasa kube ubusuku obukhulu. Futhi manje, i. . . Njengoba ngishilo, ngithola iholo ebandleni lami, amadola ayikhulu ngeviki, nayo yonke enye imali ephuma emikhankasweni, ingena enhlanganweni, bese kuthi-ke ibekwe eceleni ukuze ingabi ngeyami, noma akekho omunye, isetshenziselwa izimishini zakwamanye amazwe. Lapho ngithola imali eyenele ndawonye, ukuthi ngingawela, ngiyahamba ngishumayele kubahedeni, labo abangamazi ngisho nokuthi uJesu unguBani. Futhi phakathi lapho sibone imiphumela emikhulu kunayo yonke, imihlangano yethu emikhulu kunayo yonke.

21 EThekwini, eNingizimu Afrika, ngibone izinkulungwane ezingamashumi amathathu zabomdabu boblankethe zemukela uJesu Kristu njengoMsindisi oqondene nomuntu ngokubizela e-altare okukodwa, izinkulungwane ezingamashumi amathathu. eBombay, eNdiya, kwabakaMohamede, nabo, kwakunzima ukusho, ayikho indlela yokubala. Kwahlawumpiselwa edolobheni ukuthamela imihlangano, abantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amahlanu. Asikwazanga ngisho nokubabeka ndawo, abaningi kakhulu ngangokuthi ngadingeka ngihambe ngoba asitholanga ndawo eyanele ukubabeka. Ngilindele ukubuyela emuva masinya, lapho esikhuphukela khona eNew Delhi, lapho u—umongameli esinika khona inkundla yemidlalo yeshashalazi esingafaka kuyo isigidi sabantu, inkundla yemidlalo yeshashalazi yangaphandle, indawo ebonakala ngasikhathi sinye yezintaba. Sibheke izinto ezinkulu lapho.

22 Futhi laphaya kulabobantu ongazi, abancane, abafana abamnyama bemi kanjalo, abakaze bageze empilweni yabo, abazi ukuthi yisiphi isandla sokudla nesokunxele, bayoma nezinyembezi zabo ezincane zehla ezihlathini zabo ukuzwa kanye ngendaba kaNkulunkulu obathandayo. Ulapho wenza lokho, mngane wami . . . Ngiyazi seseka amabandla ethu lapha ekhaya, kunjalo impela. Kodwa lapha lapho esinamabandla amakhulu kuwo onke amakhona, amakhulu, imicijo yasesontweni emihle, nayo yonke into, nalabobafo abancane abampofu, uJesu wabafela ngokufanayo njengoba Afela umntwana wakho nomntwana wami.

23 Naye ulambe impela nje, ulamba nje njengoba kwenza abantwana bethu, futhi akukuhle ukuthi sinakho konke, ngisho nasebukhazikhazini, nalabo abampofu, abafo abancane abakaze balizwe iVangeli nakanye. Ngicabanga ukuthi kungumsebenzi wethu ukulithatha. Futhi uma ningenakukwenza, iminikelo eniyinikelayo, emnikelweni wothando kimi, ngifuna nazi ukuthi . . . Angazi . . .

24 Uma izindleko zingakhokhelwanga, angiwuthathi umnikelo wothando. Futhi uma izindleko zingakhokhelwanga, ngifanele ngithumele futhi ngiboleke imali, mina uqobo, ukumela izindleko. Asilokothi sishiye idolobha sikweleta upeni, lelo yirekhodi lami. Futhi uma kuke kufike endaweni lapho uNkulunkulu engayixhasi khona imihlangano yami, futhi enga—engayikhokhi, khona-ke sekuyisikhathi sami sokuba ngize ekhaya, ngeluse itabernakele futhi.

25 Angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami, bengihlala njalo ngethembele kuNkulunkulu. Angisoze emkhankasweni wami ngivumele abantu banxuse, banxibe, futhi badonse. Uma abantu bethanda uNkulunkulu, abantu abampofu, bazo—bazosekela konke abangakwenza, futhi uma bengakwazi, khona-ke ngizodingeka, ngizoyiboleka ngenye indlela, komunye umngane wami, noma okuthize, ukuyikhokha.

26 Bese kuthi-ke mina, uma sebekukhokhele konke, bese kuthi-ke ngesihle, ngithola umnikelo wothando, angiwuboni ngisho, unobhala wami uyawuthatha, futhi awulungiselele, futhi ugcinwa ebhange, futhi ufakwe ebhange ngaphansi kwegama leTabernakele likaBranham eNew Albany, Indiana, futhi lapho leyomali ingeke isetshenziselwe lutho olunye, kodwa okoMbuso kaNkulunkulu, ukwesekela izimishini zakwamanye amazwe njengoba ngiya ngale ukuyoshumayela. Futhi lapho ngithola okwanele okwakhiwe phakathi lapho ukuba ngihambe, khona-ke ngiyasuka ngihambe. Manje, ngikholwa ukuthi lokho nje kwenza abantu bazi lokho, ukuthi kuyini.

27 Lezizincwadi esinazo, zingezikaMfowethu Gordon Lindsay, zingezakhe, uyazibhala. Sizithenga kuye ngamaphesente angamashumi amane ngaphansi kwalokho aphinda azithengise

ngakho. Lababafana bayakhokhelwa ukuthengisa lezizincwadi, bakhokhelwa ukuba bazithuthe. Eziningi zilahlekile, eziningi zazo kuphiswana ngazo, sihlala njalo sisesikweletini ezincwadini.

28 Abafana bathengisa amateyipu etabernakele. Manje, amateyipu awudatshana olunelungelo lobunikazi, futhi afanele afakwe eteyipini edlula konke. Njengezincwadi, uma ingenelisi, ithumele emuva, ubuyelwe imali yakho. Niyabo? Si. . .Bese kuthi-ke a—amateyipu athengiswa ngemali eshibhile ngempela. Amarekhode, nanoma yini oyithengayo, akusiyo eyami, ingeyabanye, siyifaka nje emhlanganweni.

29 Futhi uma ngingacabanganga ukuthi bekungeke kunisize, noma kusize imbangela, impela bengingeke ngikuvumele kuthengiswe. Futhi ngiyakuhlolisisa, ngibone uma kukhona okungalungile ngamanani, ngiwaqhathanise namanye, futhi uma kukhona noma yini ebonakala ibiza ngokweqile, khona lapho, ngizokumisa lokho khona manje. Yebo, mnumzane. Anginakho lokho.

30 Kodwa kulobubusuku, uma nifuna izincwadi, noma okunye nokunye, *Umlando Wempilo Yami*, *UmProfethi Uvakashela I-Afrika*, izintshumayelo, *Njengokhozi Luhlakaza Isidleke Salo*, *Ngabe Uyawesaba Umdlavuza*, eziningi zezinye, *UJesu Kristu, OnguYena Izolo, Namuhla, NaPhakade, Angibanga Ngongawulaleliyo Umbono WaseZulwini*, eziningi zalezozincwadi, uma nizifuna, amarekhodi, amateyipu, ungazithola ekupheleni kwesakhiwo lapha, ndawondawo. Kukuphi lokho, Gene na? Emuva ngemuva na? Kukhona indawana yokudayisela izincwadi, ngiqagele, emuva lapho ukuthi ungazithola kulobubusuku kuphela, ngokuba kusasa ngeke sizithengise.

31 Manje, ningizwa kahle, kusukela le emuva na? Emuva le ngemuva na? O, lokho kuhle. Ngi. . .Akuthi unjiniyela anikeze lokhu nje onke amandla okuqina okunawo, inqobo nje uma ungabangeli ukuguqulwa.

32 Manje, niyaMthanda ngenhliziyo yenu yonke na? O, lokho nje kuhle. He, ngizizwa nginokukholwa ngempela zisuka nje, kulobubusuku. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

33 . . .sifuna ukufunda eNcwadini kaNumeri, kinina enibhala phansi. . .[Akuqoshwanga eteyipini. UMfowethu Branham ufunda uNumeri 20:1-8—Umhl.]

> *Abantwana bakwa-Israyeli, inhlangano yonke, bafika ehlane laseSini ngenyanga yokuqala: abantu* balwa *eKadeshi; futhi* (Awume kancane, ngineyami. . . linda. . .). . .*ngenyanga yokuqala: abantu bahlala eKadeshi; noMiriyemu wafela lapho, wembelwa lapho.*
>
> *Kwakungekho-manzi enhlangano: babuthana uMose no-Aroni.*

*Abantu baxabana noMose, bakhuluma, bathi, Sengathi nga safa mhla abafowethu befa phambi kweNkosi!*

*Nilenyuseleni ibandla leNkosi kulelihlane, ukuba sifele khona thina nezinkomo zethu na?*

*Nisikhipheleni…eGibhithe, ukuba nisingenise kulendawo embi na? akusiyo indawo yembewu, noma yamakhiwane, noma yemivini, noma yamapomegranati; namanzi okuphuza awakho.*

*OMose no-Aroni baphuma* phambi *kwenhlangano baya ngasemnyango wetende lokuhlangana, futhi… bawa ngobuso babo: inkazimulo yeNkosi yabonakala kubo.*

*INkosi yakhuluma kuMose, yathi,*

*Thatha induku, ubuthe inhlangano, wena, no-Aroni umfowenu, ukhulume kulo idwala phambi kwamehlo abo; futhi liyakuveza amanzi ayo, uyakuveza… amanzi edwaleni:* ukuze…*uyakuphuzisa inhlangano nezinkomo zayo.*

Kwangathi iNkosi ingenezela izibusiso zaYo ekufundweni kweZwi laYo.

34 Futhi manje, ngifuna ukuthatha okwendikimba ephuma lapho, umBhalo omdala wawela engqondweni yami ngenkathi ngibona uMfowethu Noel, wo—womlayezo engangivame ukukhuluma ngawo eminingi, eminyakeni eminingi eyedlula. Ngathi ukukhohlwa okuningi kwakho, engangikusebenzisa njengengqikithi, kodwa ngineqiniso ukuthi uMoya oNgcwele uzokwembula kimi njengoba ngiqhubeka. Indaba yami ithi kulobubusuku: *Khuluma Edwaleni Futhi Liyakuveza Amanzi Alo…Kuveza Amanzi AYo*. Niyaqaphela, "*Li*yakuveza amanzi *aYo*. *Li*yakuveza amanzi *aYo*."

35 Kufanele ukuthi kwakungukusa okushisayo, wonke umuntu wayedidekile futhi exakekile, ngoba ubusuku bonke gulukunqu izinkomo zazikade zibhonga, futhi a—abantwana babekade bekhala, nabantu babekade beqophisana, futhi baphikisana, futhi baxabana.

36 UMose bandla, kwakuyisikhathi esesabekayo kuye. Niyabo, wayehlele eGibhithe futhi wayekhiphe abantwana ngokwesethembiso sikaNkulunkulu futhi wayebaholela ezweni lesethembiso, izwe elichichima ubisi noju, nesethembiso sikaNkulunkulu sokubavikela, nokuhlinzeka konke ababekudinga, baze bafika kulelizwe elikhazimulayo elichichima ubisi noju.

37 UMose, inceku ebizwe nguNkulunkulu, umprofethi ogcotshiwe, iNsika yoMlilo phezu kwakhe, imlandela, iqinisa amazwi awakhuluma ngezibonakaliso nezimanga, esendleleni

yakhe eya ezweni lesethembiso nabantwana, okuyikho ngempela impela okufanekiselwayo, noma umfanekiso, njalo, wohambo namhlanje. Sisendleleni yethu ebheke eZweni leSethembiso, futhi siholwa nguMoya oNgcwele omkhulu. Njengoba baholwa kokwemvelo, siholelwa kokomoya kuleliZwe elikhulu leSethembiso uNkulunkulu alenza isethembiso futhi wasinika lona.

38 UNkulunkulu wayebathembise ukubanikeza zonke izidingo zabo, kodwa umqondo wabo wenyama wawubakhiphile entandweni yobuNkulunkulu kaNkulunkulu, futhi wawubanike indlela yasogwadule.

39 Lokho kuyinqwaba yakho namhlanje, yileyo indaba ngamaningi amabandla ethu, athathe eyenyama, indlela yezihlakani, futhi isinqunyiwe, ukunikelwa kwezibusiso zikaNkulunkulu zokuphulukisa namandla, nombhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi athathe indlela yasogwadule, ngakho-ke sinokuphikisana, nokuqophisana, nokuphikisana, nokukhononda. Kodwa labo abasalokhu beseNdleleni, kuyinjabulo engakhulumekiyo negcwele inkazimulo kuNkulunkulu, neNsika yaKhe yoMlilo phezu kwabo, namandla, nokujabula, nezibonakaliso nezimanga. Kanjani lelo langempela, iBandla elizelwe ngokusha liqhubekela eZweni leSethembiso, isethembiso sokuPhila okuPhakade, iZwe elichichima ukuPhila okuPhakade, lapho kungasekho-kugula, ukufa, usizi, kungekho lutho oluzolimaza!

40 Manje, kodwa lapho imiqondo yenyama iqala ukufika phakathi kwabo, ekugcineni kwabaxosha endleleni yezinyawo enkulu beyongena ogwadule. Benza iphutha labo elibulalayo ngenkathi behluleka ukuqhubeka. Babesohambweni lwabo, hhayi amamayela amaningi kakhulu, babengafika ezinsukwini ezimbalwa nabo bonke lababantu abayizigidi ezimbili phandle phakathi ogwadule, ukuba babehlale endleleni yezinyawo, kodwa lapho sebefike endaweni ethiwa iKadeshi-barineya . . .

41 IKadeshi-barineya ngesinye isikhathi, ngiyatshelwa, yayiyisihlalo esikhulu sokwahlulela. Lithi isiphethu esikhulu noma umthombo lapho, imithombo eminingi emincane, umfanekiso ophelele weBandla. IBandla liyisihlalo sokwahlulela, lapho iZulu liyisiHlalo esikhulu sokwaHlulela sikaNkulunkulu, nemithombo emincane imele amabandla amancane onke ngaphandle. Nokwahlulela kuqala endlini kaNkulunkulu. Niyabo? Nakhu lapho ukwahlulela kuqala khona.

42 Yingakho ngingaboni ukuthi kungani abaningi kakhulu bekhononda ukuthi ngikhuluma kanzima kakhulu, futhi ngizame ukwenza abantu baqonde, futhi ngibatshele indlela abaphila ngayo, indlela abagqoka ngayo, futhi bangitshele ukuthi ngilimaza inkonzo yami, kanti isihlalo sokwahlulela

siyindlu kaNkulunkulu. Kunjalo. *Nakhu* lapho okuzoqala khona, khona *lapha*, lapho ubulungiswa, nokulunga, nokwahlulela kukaNkulunkulu kuzophuma kusuka epulpiti.

43 Manje, ngenkathi befika lapho, bakhempa. UNkulunkulu wayekade emuhle kubo, wabakhombisa izimanga ezinkulu eziningi nezibonakaliso ezansi eGibhithe. Ohambweni lwabo, Wayebalungiselele konke, kodwa noma kunjalo babefanele beze kulendawo eyayicishe ibonakale ezweni lesethembiso, isikhashana nje emva kokuba sebehambile. Futhi ngenkathi befika kulendawo, uMose wathatha indoda esizweni ngasinye, wayesewathumela ngale eKhanani ukuyohlola izwe.

44 Sonke siyayazi indaba, ukuthi afika kanjani, amabili awo, phezulu ukuya eJeriko, nokuthi isifebe sasizifihle kanjani izinhloli, nokunye nokunye, nakho konke. Ngenkathi eyongena ezweni, alihlola ukuze abone uma e. . . isethembiso sasiqinisile. Ngenkathi ebebuya, aletha izixha zamagilebhisi okwathatha amadoda amabili ukuthwala isixha esisodwa samagilebhisi.

45 Bengicabanga kaningi, uma izwe elinesiqalekiso kulo lingamila lolohlobo lwamagilebhisi, kuyoba njani lapho isiqalekiso sesisusiwe na? Kuyoba yisixheke samagilebhisi esinjani! O, he!

46 Ngi—ngi—ngi—ngithola nje ukunambitha ngaphambili okuncane kwakho kanye ngasikhathi. Ngangishumayela lapha esikhathini esingeside esedlule, bengicabanga kulokhu ukusa, ngenza inqwaba yokugxiza amathe, niyazi, ngiqagele, lapho ngishumayela, kodwa kade ngidla amanye alawomagilebhisi abuyiselwe emuva, futhi kuthi ukungibangela ukuba ngigxaze amathe kancane, niyazi, njengehhashi lidla isithombo esidliwa yimfuyo.

47 Ngakho-ke ngenkathi si. . . Ngenkathi ebuya, aletha lesi sixha esikhulu samagilebhisi, futhi onke abuthana phambi kwebandla leNkosi, futhi aletha umbiko, "O, uNkulunkulu ukhulume iqiniso, izwe lichichima ubisi nezinyosi! Yizwe elihle, yizwe lembewu, liyomila noma yini. O, yindawo emangalisayo! Sinamanzi amaningi nemifula nokunisela ngenkasa nakho konke ukwenza isizwe esikhulu."

48 "Kodwa o, a—ama-Amori, namaHeti, na, bonke abanye balapho, abanye babo bayiziqhwaga, futhi sibukeka njengezintethe ezincane."

49 Futhi ngenkathi eqala ukusho lokho, o, amandla okuqina asuka kubantwana bakwa-Israyeli. Baqala ukukhala nokudazuluka, babeshiye iGibhithe futhi bakhuphuka, zonke lezizinto, nalokho kwakwenzekile.

50 Kodwa kwakukhona amabili, kuwo onke ayishumi nambili awo kwakunamabili ayenokuzethemba. Onke amanye athi, "Ngeke sakwenza, asikwazi nje ukuqhubekela phambili, si. . . Akunakwenzeka ukuba sihlangane nalolohlobo lwabantu."

51 Kodwa uKalebi noJoshuwa bathi, "Sinamandla okulithatha!"

52 Kwakungani na? Amanye, le enengxenye yobuhlakani, yayibuka ukuthi iziqhwaga zazibukeka kanjani, kodwa uKalebi noJoshuwa wayebuka isethembiso uNkulunkulu ayesinikezile. Manje, konke kuncike kulokho okubukayo.

53 Kunabantu abahlezi lapha kulobubusuku obesezihlalweni ezinamasondo ubusuku noma obubili obedlule, sebesukumile, bayahambahamba manje. Kuya ngokuthi ubukani, uma ubuka ukuhlupheka kwakho, awusoze waqhubekela phambili, kodwa uma ubuka isethembiso sikaNkulunkulu, unelungelo kuzo zonke izibusiso zokuhlenga uNkulunkulu azethembisa eZwini laKhe, ngesakho. Kunjalo.

54 UmKristu njalo ubuka izinto ezingabonwayo. Sonke isibusiso sokuhlenga sikaNkulunkulu asibonwa. I. . .Nazi zonke izikhali zomKristu: uthando, ukujabula, ukukholwa, ukubekezela, ubuvi, ubumnene, ububele, ukukhuthazela. Konke ngamandla angabonakali asebenza enhliziyweni yekholwa. Amen. Kunjalo. Sibuka izinto esingaziboni.

55 Uma singabantwana baka-Abrahama khona-ke asihambi ngokubona, sihamba ngokukholwa, ngokuba u-Abrahama wahamba ngokukholwa futhi wabiza lezozinto ezazingekho ngokungathi zazikhona, ngoba uNkulunkulu washo njalo.

56 Manje, uJoshuwa wayengenandlela yokwazi ukuthi wayengawuthatha lowomuzi. UKalebi wayengenandlela yokukwazi, kodwa nakhu ukuthi bakukholwa kanjani: ngoba uNkulunkulu wathi, "Ngininikile lelizwe. NgineNgelosi ezohamba phambi kwenu, waMi. . .qaphelani ukuba ningaYideleli, ngoba iGama laMi likuYo. Angeke ikuxolele izono zakho, Iyokudabula uvundle e—eziko, Iyohlikihla izimpaphe zakho. Izo—Izokwenzela izinto. Kodwa khumbula, Yilandeleni, Izoniholela ezweni lesethembiso, kodwa ningaYideleli, ningaYenqabi, Yikholweni."

57 Manje, futhi manje-ke siyaqaphela, futhi ohambweni, uJoshuwa wayetholile ukuthi wayembonile lowoNkulunkulu omkhulu ehlala lapho kuleyoNsika yoMlilo, wayenze zonke izinhlobo zezimangaliso, yena noKalebi babekubonile lokho, futhi babenokwethemba ukuthi uNkulunkulu wayezoligcina iZwi laKhe. Bhekisisani uNkulunkulu, ezansi le eGibhithe, "Ngininike izwe, manje hambani nilidle."

58 UNkulunkulu unike wonke umuntu ogulayo phakathi lapha ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, nonke. UJesu walinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaKhe siphulukisiwe thina. Ngokwakho, kodwa uzofanele ulwele onke ama intshi ayifa lakho. "Nomaphi lapho amathe ezinyawo zakho ehamba khona," uNkulunkulu watshela uJoshuwa, "Ngilinike wena." Amanyathelo asho ifa, asingene kulobubusuku. Amen. Asingene.

Amanyathelo yifa, asithathe onke ama intshi omhlabathi uNkulunkulu asinika wona.

59 Uma ungenawo umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, uPetru wathi, "Isethembiso ngesenu, nesabantwana benu, kubo okude, ngisho nabaningi iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Amanyathelo yifa, asihambe silithole, lingelethu. "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade," masilidle ifa. "Imisebenzi eNgiyenzayo, nani niyakuyenza," asikudle ifa, yisethembiso sikaNkulunkulu. Ungabuki izimo, ungabuki ukuthi kul'khuni kangakanani, masilidle izwe.

60 Sizoba nomhlangano, njengalokhu ukusa besinomhlangano lapho, uMoya oNgcwele wehlela endaweni, abantu bedazuluka, bememeza, bedumisa iNkosi, kwase kuthi-ke omunye uyakhuphuka, wayesethi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham." Ngabeka izandla futhi ngamkhulekela, ngathi, "Manje, hamba ukholwe."

61 Manje, nakhu okuyikho: Kulula ukuzwa amandla kaNkulunkulu, ukukubona lapho ukholwa, kodwa-ke lapho sekufika kwelamanqamu, uyakwazi yini ukuyidla ifa into ozisho ukuthi unayo na? Yileyonto, mfowethu. Sifanele siyithole, sifanele siyithathe, ingelethu, kodwa nizolwela lonke i-intshi.

62 UJoshuwa walwa lonke i-intshi lomhlabathi kusukela ekugcineni kwezwe kuya kwelinye, kodwa wayenesethembiso, uNkulunkulu wathi, "Ngininika lona." Amen. Noma ngabe kukhona iziqhwaga, noma ngabe kukhona abangakholelwa ebukhoneni bukaNkulunkulu, noma ngabe kukhona abaphikinkolo, noma ngabe kukhona amabandla abandayo agcina umthetho ngamehlo nje, kwenza mehluko muni na? UNkulunkulu unikeza isethembiso, asisithathe, singesethu, singesethu, siyifa lethu, asihambe silithole.

63 Ungesabi, ungahlali emuva, uthi, "Awu, ngikholwa ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule. O, angazi." Ungakwenzi lokho, lokho akubukeki njengomntwana ka-Abrahama. Akunandaba ukuthi kuqhubeke kangakanani, isethembiso sabonakala sibambelela, awu, saqhubeka iminyaka engamashumi amabili nanhlanu, kodwa esikhundleni sika-Abrahama eya ngokuba buthakathaka, waya ngokuqina ngaso sonke isikhathi, ngokuba wayazi ukuthi kwakuzoba yisimangaliso esikhulu kakhulu ngaso sonke isikhathi.

64 Futhi sizokhulekelwa ubusuku obubodwa, futhi ngokusa okulandelayo sisalokhu sinesisu esibi, sizothi, "Mhlawumbe angikaze ngikuthole ukuphulukiswa kwami, ngifanele ngidlule emgqeni futhi."

65 O, uzibiza ngomntwana ka-Abrahama na? Haleluya! Uma uNkulunkulu enza isethembiso, uNkulunkulu wanikeza isethembiso, futhi uyasikholwa, angikhathali ukuthi kwenzekani, ngesakho. Yilwa nodeveli kuwo wonke umhlabathi

ami kuwo, uhambe ngale futhi uwuthathe, uthathe iNkemba yeZwi.

66 Izithembiso zikaNkulunkulu siyiqiniso, akukho okungazimisa, ziyizithembiso zikaNkulunkulu. Usinika isethembiso salokho njengoba nje Enza kubantwana bakwa-Israyeli. Ibandla lePentecostal lifike eKadeshi-barneya yabo. Siyakwazi na? Singakwenza na? "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade." Singakhuphukela lapho futhi sibambe isethembiso sikaNkulunkulu, futhi sithi, "Yiqiniso, ngiyasithatha njengesami, singesami, ngesami, uNkulunkulu unginike sona"?

"Uzokwenza kanjani na?"

"Angazi, akusiwo umsebenzi wami."

67 Njengoba bengishumayela ngesinye isikhathi ngo-Eliya, nendoda yangitshela emva kwenkonzo, yathi, "Manje, awume kancane, mshumayeli, ngikholwa ukuthi uyindoda esile kakhulu kunokuba empeleni ukholwe ukuthi lawomagwababa alethela u-Eliya inhlanzi nesinkwa."

Ngathi, "Ngiyakukholwa, onke amazwi akho." Wathi, "Inhlanzi yayithosiwe nesinkwa sasiphekiwe."

68 Wathi, "Wenza kanjani...? Kuphi...? Ngitshele-ke, mngane wami," wayenguFakazi kaJehova, wathi, "ngitshele-ke, mngane wami, lawomagwababa ayithathaphi leyonhlanzi ethosiwe nesinkwa esibhakiwe na?"

69 Ngathi, "Lokho akusikho okwami ukuba ngibuze, kwakungesuye u-Eliya ukuba abuze, into kuphela ayeyazi, ngenkathi elambile amagwababa lalihlezi lapho limlethela isinkwa nenhlanzi, futhi uyakudla." Ngathi, "Leyo yinto efanayo ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, ngeke ngakutshela ukuthi uvelaphi, ukuthi ufika kanjani lapho, ngiyazi uyeza, futhi ngiyawujabulela, yilokho kuphela engikukhathalelayo."

70 Ngeke nganitshela ukuthi ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kusebenza kanjani. Ngeke nganitshela ukuthi inkomazi emnyama ingadla kanjani utshani obuluhlaza futhi inikeze ubisi olumhlophe, kodwa ngiyaluphuza, noma kanjani, angizami ukuthola indlela yokwenza kwayo. Angazi ukuthi yini ebangela ukuba uMoya oNgcwele wehlele emhlanganweni, nabantu bakhulume ngezilimi futhi baprofethe, abakhubazekile bagxume besuka ezihlalweni ezinamasondo, futhi abagulayo bayaphulukiswa, ngeke ngakutshela lokho. Into kuphela engiyaziyo: uNkulunkulu ukwethembisile, futhi kuyifa lethu, asikuthathe futhi sihambe nakho. Abakwazi ukuchaza ukuthi kukude kangakanani enyangeni noma ukuthi mangaki amamolekhuli akwi atomu, lokho akusiwo umsebenzi wabo, kodwa into kuphela abayaziyo, uNkulunkulu wakwethembisa, bakuthola futhi bekujabulela. Amen.

71 Yilapho abenza khona iphutha labo, lapho beza esihlalweni sokwahlulela futhi babuyisa ubufakazi bezwe elihle. Ngijabula kakhulu ukuthi kwakukhona abantu eminyakeni eyedlula, abasondela ngakho konke okungokomthetho, futhi benyuka futhi balidla izwe, futhi bathola ubufakazi obubonakalayo futhi bayabuya, ukuthi kukhona izwe ngaphesheya komfula. Amen. Ngijabula kakhulu ngalokho.

72 Manje, benza iphutha labo elibulalayo ngenkathi beqala ukukhononda ngokumelana noMose, nangokumelana nenceku kaNkulunkulu, nangokumelana noNkulunkulu, futhi kwabedlula. Futhi khumbulani, bonke abakhononda abazange bawelele ezweni. UJesu wathi, ngenkathi Esemhlabeni, "Oyihlo badla imana ehlane, kodwa bonke bafile." Kunjalo. "Kodwa NgiyiSinkwa sokuPhila esivela kuNkulunkulu siphuma eZulwini ukuthi umuntu angadla kuso futhi angafi." O, ngiyakuthanda lokho. Yedlula ekufeni uye ekuPhileni, yiba yisidalwa esisha kuKristu Jesu.

73 Ukuba ngowenyama kwakunqamule ukuhlinzekwa kwabo kokomoya, ukuba ngowenyama kwakunqamule konke ukujabula kwabo, konke. . .Futhi baqala ukukhononda nokuqophisana, babayisa ogwadule. Uma noma yini engiyizondayo wugwadule, luyashisa, akukho-muntu, cishe impela, ongahlala lapho, nayo yonke into omelana nayo ogwadule lunonamathela kulo, zonke izinhlobo zomvini omdadlana unonamathela kuwo. Niyazi ukuthi kungani na? Yingoba akukho-manzi lapho. Manje, uma lesosithombo esincane esifanayo sakhula ezweni lakithi, noma phezulu ezweni elinemvula kulo, lesosithombo esincane besingeke sibe unamathela. Lowonamathela omncane ubuyosombululeka, futhi ubuyoba ngelihle, iqabunga elithambile lapho ufika endaweni enamanzi.

74 Yileyo indaba ngamabandla, isizathu sokuba aqophisane, futhi axabane, futhi aphikisane, nalabo *ababizwa* ngamaKristu, ngoba bedluliwe ezweni lesibusiso, eMthonjeni ongomi neze, eDwaleni ezweni eliyethileyo. Futhi sebomile futhi baba ngabenyama, bafuna ukunamathela, futhi bathi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Leso yisigejane sabagingqiki abangcwele. Ayikho into enjengaleyo."

75 O, ake nje beze emanzini kanye, bavele nje basombuluke futhi bathambe futhi babe nomoya omuhle, futhi babe nomusa, futhi bathobeke. Kukhona okwenzekayo lapho umfaka emanzini, angazi ukuthi kungani, kodwa kwenzeka ngaleyondlela. O, ukuba ngowenyama kwakubanqumile.

76 Bukani, nakhu ababekwenzile: Babeshiye izimbiza zikagaliga zaseGibhithe ukuba badle ukudla kweNgelosi, futhi wayekhononda. Ubungacabanga ngakho na? Yebo, siyakubona. Babe, futhi, babeshiye amanzi anodaka aseGibhithe ukuba

baphuze kuleloDwala lokomoya, besalokhu bekhononda ngakho; babezishiyile izinyanga eziqhoshayo zaseGibhithe, ezaziqhosha ukuthi zazinkulu kangakanani, ukuba babe neNyanga enkulu, eyayinga, ngisho nezingubo zabo azizange zisefeke, futhi kwakungekho noyedwa obuthakathaka phakathi kwabo ngenkathi bevela ehlane, besalokhu bekhononda. Futhi khona-ke base beshiye i, futhi babeshiye abantu abathi izinsuku zezimangaliso selwedlule, ukuba nabantu onezibonakaliso ezilandelayo, amakholwa.

77 Manje, lokho akufani yini nje namhlanje na? Ukhuphuka uphuma kuleyo endala, into ebandayo egcina umthetho ngamehlo nje, unoMoya oNgcwele, futhi uNkulunkulu ukugcwalisa ngokulunga, futhi uphuza kulowoMthombo ongomi neze, nazo zonke lezozinto lapho, injabulo engakhulumekiyo negcwele inkazimulo, bese-ke uyokhononda; into efanayo nje. Into yokuqala uyazi, uyedlulwa uphumela ogwadule. Yileyondlela uNkulunkulu akwenza ngayo, kungaleyondlela nje. I. . . UNkulunkulu akakwenzi, abantu bayakwenza bona uqobo, ukucabanga okungokwabo kwenyama kuyakwenza.

78 Babebone izimangaliso ezinamandla eziyishumi zenziwa ezansi eGibhithe: izimpukane, izintwala, umlilo, ingelosi yokufa, konke ababekubonile eGibhithe, zonke lezizimangaliso ezinkulu ababebone uNkulunkulu ezenza, futhi babesalokhu bengabacabanga ngokwenyama. Base-ke bebona uLwandle oluBomvu olwalulele endleleni yomsebenzi, babesendleleni yabo bemasha ngaleyonkathi, bayaphuma, kwakukhona iNsika yoMlilo phambi kwabo, futhi bamasha baqhubekela oLwandle oluBomvu, futhi lapho befika lapho, khona impela emgqeni womsebenzi kwakulele isithiyo. Futhi into yokuqala niyazi, ukwesaba kwabashaya, futhi abazanga ukuthi benzeni.

79 Yileyondlela abantu abenza ngayo namhlanje lapho ukwesaba kubashaya lapho besendleleni eqondile yomsebenzi. Lalela, mfowethu, mangisho lokhu: Uma uhamba ekuKhanyeni, unenhlanganyelo noNkulunkulu, nabantu baKhe, noMoya oNgcwele uphezu kwakho, futhi uhlangabezana nesithiyo khona impela endleleni yomsebenzi, ungami, qhubeka nje uphikelela, UNkulunkulu uzokwenza indlela yedlule kukho. Leso ngesinye sezehlakalo ezinkulu kunazo zonke empilweni yami, ngukubona uNkulunkulu. Lapho ngingakwazi ukweqa kukho, ngingene ngaphansi kwakho, ngikuzungeze, noma ngayiphi indlela, uNkulunkulu uvula indlela, futhi ngidlula kuyo. *Ngandlela thize enye* umusa waKhe wanele ukusithwala sedlule kukho.

80 Manje, bafika kulokho futhi babona lololwandle oluBomvu luvuleka, futhi ba. . . Kwakuyinto enkulu kanjani! Babengakhonona kanjani na? Babekhononda kanjani emva kokubona lezozimangaliso na? Singakhononda kanjani namhlanje emva kokubona esikubonile na? Izimvuselelo

ezinkulu, imikhankaso yokuphulukisa, uMoya weNkosi wehla, uMehluleli wemicabango.

81 IBhayibheli lathi iZwi likaNkulunkulu. . .noJesu wayeyiZwi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu." UNkulunkulu Waziphambanisa, abaKhe uQobo. . .endaweni yaKhe ayidlalayo, uNkulunkulu, owadala umhlaba, waba ngumhlaba, futhi waphila emhlabeni; uNkulunkulu, Owenza inyama, waba yinyama futhi waphila enyameni.

82 O, lokho bekufanele kuhehe abantu! UNkulunkulu wayengaphuma eZulwini nokubingelela kweNgelosi okugcwele ukuba Wayefuna. UNkulunkulu wayengehla eyi—indoda ekhule ngokugcwele, iziNgelosi macala omabili, ehla ngomhubhe waseZulwini, kushaywa amacilongo aseZulwini, U—Wayengakwenza lokho. Wayengafika engumuntu ogcwele, kodwa Wakhetha ukufika eyiNgane. Wayengazalelwa esigodlweni, Wayengadalwa emaZulwini ukuba Wayefuna, kodwa Wakhetha ukuza, hhayi ngisho nasembhedeni ukuba azalelwe kuwo, Waya emkhombeni enqwabeni yomquba, futhi phezu kwenqwaba yomquba Wakhetha ukuzalwa.

83 Bekufanele kuhehe: uJehova ekhala njengengane, uJehova edlala njengomfana, uJehova ekhandleka njengomuntu. O, kuyimfihlakalo enkulu! Kuyisibonakaliso esikhulu kubantu. Wonke umuntu efuna izibonakaliso, leso yisibonakaliso esikhulu kunazo zonke uNkulunkulu ake asenza, ngenkathi uNkulunkulu eba yinyama futhi wahlala phakathi kwabantu, isibonakaliso esikhulu.

84 Impela bekuyoheha abantu, kodwa baba ngabenyama, bayahamba, "O, yebo, ngiqagele lokho kulungile." O, kulungile nangaphezulu, ngukupheleliswa kukaNkulunkulu esebenza, ezenza Yena uqobo, ewela izinga laKhe, enza itende futhi ehlala ethendeni laKhe, enwebeka phakathi kwethu, futhi ephila njengoba senza. Amen. Mm! UNkulunkulu! Nakhu, kodwa akuhehi ukunaka, ibandla liba ngokwenyama futhi liyakwedlula, liye ngale, lisuke kulezizinto ezinkulu.

85 Manje, sithola ukuthi base bevele bezibonile lezizimangaliso, bukani ukuthi yini eyayinabo, babeneDwala elishayiwe linabo, babengaphuza kuLo, babenenyoka yethusi okokuphulukiswa. O, he! Babeno—umprofethi kanye nabo owayeneZwi likaNkulunkulu, phezu komprofethi kwakuyiNsika yoMlilo eyayihola, futhi akukaze nakanye Yake yabehlulekisa.

86 Udumo! O, ngi—ngizwa kuthi angimemeze. Bukani, Yayingehlulekile, uNkulunkulu akehluleki, Angehluleke futhi ahlale enguNkulunkulu, UsenguNkulunkulu. IDwala elishayiwe, inyoka yethusi, umprofethi, ukubuyisana,

umhlatshelo, konke umusa owawusuvele ubahlinzekele ngakho, futhi emva kokuba uNkulunkulu esenze zonke lezozinto, babenjengenqwaba yabantu namhlanje, bafanele batotoswe ngapha nangapha. UNkulunkulu akazifuni izingane, uNkulunkulu ufuna abesilisa nabesifazane.

87 Ngiyabuthanda ubufakazi bukaBuddy Robinson omdala, wathi, "Nkosi, nginike umgogodla ongangesaha logodo, ufake ulwazi oluningi ekugcineni kwegebula lomphefumulo wami, mangilwe nodeveli inqobo nje uma ngisasele nezinyo elilodwa, bese-ke ngimlume ngezinsini ngize ngife." Yilokho esikudingayo, isibindi, hhayi ithambo lesifuba, kodwa umgogodla, eyangempela, inhliziyo egcwaliswe ngoMoya, ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele, wangcweliswa ngeGazi likaJesu Kristu, waphila empilweni, uhamba endleleni yezinyawo kaNkulunkulu, ugcina imiyalo yaKhe, ubiza zonke izithembiso njengempahla yakho uqobo. Haleluya!

88 O, ngiyazi ngiziphathisa okohlanya, kodwa uma uzizwele njengoba ngenzile, ubuyoziphatha ngendlela efanayo, kulungile, ngoba kuhle.

Omunye wathi, "Mfana, ulahlekelwe yingqondo!"

89 Awu, mhlawumbe nginjalo, kodwa uma nginjalo, ngiyeke kanjalo nje. Ngijabule kakhulu ngalendlela kunoma benginjalo ngenye indlela, ngakho nje mangihlale kanje.

90 Ngangihamba edolobheni, ngezwa indoda isho ngesinye isikhathi, ukuthi indoda yehla ngesitaladi, yayinesayini ngaphambili esifubeni sayo, *kanje*, sengathi yayibhikisha, ndawondawo, yathi, "Ngiyisiwula sikaKristu." Futhi emhlane wayo, emva kokuba isidlule, ngabuka ngemuva, kwathi, "Wena uyisiwula sikabani?" Ngakho ngiyazibuza nje manje!

91 Ngingaqoka ukuba yisiwula sikaKristu, ukuba ngiMazi, ngazi lokhu, ukuthi ngiyaMazi emandleni okuvuka kwaKhe, ukuthi ngolunye usuku lapho ukufa kungithatha, lowomgudu omkhulu wokugcina uhlezi ngaleya, inhliziyo yami ishaya yonke imizuzu, iya ngakulowomgudu, kodwa lapho ngifika kuwo angifuni ukuza njengegwala, ngifuna ukuhamba lapho, futhi ngizisonge ngezingubo ezinde zokulunga kwaKhe, ngazi lokhu, ukuthi ngiyaMazi emandleni okuvuka kwaKhe, ukuthi lapho Ebiza, ngiyophuma phakathi kwabafileyo, ngishiya lezozinto esikhathini esedlule, ngizophikelela emgomeni wokubizwa kwaphezulu. Udumo! Yebo, mnumzane.

92 Mfowethu, sidinga imvuselelo yakudala, yePentecostal, yasemuva emahlathini, ebulala isono ukuba ishaye leCalifornia, zonke ezinye izifunda, nezizwe, ezweni lonke, ibuyise amandla kaNkulunkulu angene ebandleni futhi. Sifike eKadeshi, isihlalo sokwahlulela, zonke lezizinto, sisalokhu siqophisana, sisalokhu sikhononda.

93 INsika yoMlilo phezu komprofethi, amazwi akhe ayephelele, iDwala elishayiwe, inyoka yethusi, izimangaliso nezibonakaliso, benze kukho, khona-ke besalokhu bekhononda. O, bedla nje ukudla kweziNgelosi, futhi besalokhu bedla ugaliga, babefuna ukubuyela emabhodweni amadala kagaliga, kwakhombisa ukuthi babengakulungele ukungena eKhanani, kunjalo.

94 Niyazi, omunye wathi ngesinye isikhathi... Ngangishumayela, kwakukhona owesifazane ekhala, futhi nje wayephakamise izandla zakhe futhi ekhala, edumisa uNkulunkulu. UMoya oNgcwele wawulapho, owesifazane wagcwaliswa ngoMoya oNgcwele. Uzibuthe angadonsa kanjani noma yini ngaphandle uma kufakwe uzibuthe kuyo na? Lokho kunjalo.

95 Kwakukhona indoda eyayisonta kwelinye ibandla, umngane wami, wayemi ngaphandle, wathi, "Billy, bengijabulela intshumayelo yakho kwaze kwathi lowo wesifazane wasukuma futhi waqala ukukhala." Wathi, "Ungashumayela kanjani ezweni futhi yena enza kanjalo na?"

Ngathi, "Yilesosikhathi kuphela engingashumayela ngaso, lapho ngibona ukuthi amandla kaNkulunkulu alihlwithile iBandla, ahlwitha umlayezo."

Wathi, "Kuvele nje kwenza uhlevane lwagijima emhlane wami wonke."

96 Ngathi, "Uma ungake ube nenhlanhla ngokwanele ukuba ungene eZulwini, ubungaba yiqeqeba lamakhaza uze ufe, ngoba bayakhala, futhi bememeza, futhi bedumisa uNkulunkulu, imini nobusuku. IziNgelosi zindiza ziye emuva naphambili, zimemeza, 'Ingcwele, ingcwele, ingcwele, kuyo iNkosi! Ingcwele...' Manje, ake ngikutshele okuthize khona manje, mfowethu, uphila ezweni elithule kunawo onke oyoke uphile kulo." Amen. "Uma uya esihogweni, kuyobakhona ukukhala, ukulila, nokugedla amazinyo. Uma uya eZulwini, kuyobakhona ohaleluya no-udumo lukaNkulunkulu, imini nobusuku, ngaso sonke isikhathi nalo lonke iPhakade. Lena yindawo ethule kunazo zonke owake wahlala kuyo." Yebo.

97 O, uNkulunkulu ufuna kanjani ukubusisa iBandla laKhe! Bazibonile zonke lezozinto futhi basalokhu benomqondo wenyama. Bazikhohlwa ngokushesha kanjani zonke lezozimangaliso ngenkathi i—into entsha ivukile! Ngenkathi kufika isivivinyo esisha, bakhohlwa yikho konke ababekubonile.

98 Siyakwenza lokho, sinomhlangano, amandla kaNkulunkulu azowa, izibonakaliso ezinkulu nezimanga ziyokwenzeka, khona-ke uSathane angafika futhi abhibize into ethize phezu kwakho, uyakhohlwa ukuthi lowo nguNkulunkulu waseZulwini obekwenza nje umemeze, ekwenza udumise iNkosi, ukhohlwa uNkulunkulu waseZulwini owakukhipha e...njengesikhuni somlilo, uyamkhohlwa uNkulunkulu

waseZulwini Owakumba emigodini, edwaleni lapho nambiwa khona, kulula ukuMkhohlwa.

99 Ake ngikutshele, mfowethu, esikudingayo kulobubusuku yindoda enonembeza wensimbi, oyoma lapho emandleni kaMoya oNgcwele, akunandaba ukuthi kufikani noma kuhambani, usalokhu ephephezelisa lelofulege lokunqoba eqhubekela eZweni leSethembiso. Sidinga, kulobubusuku, lolohlobo lwebandla, leloBandla elimsulwa, elingcweliswe ngeGazi likaJesu Kristu, ligcotshwe ngoMoya oNgcwele, ngezibonakaliso nezimanga, ukumemeza kwe—kweNkosi ekamu endleleni yabo, bemasha beqhubeka, yebo, mnumzane.

100 Konke lokhu, naphezu kwayo yonke lento yenyama ababeyenzile, lonke ugwadule le ngale endaweni, njengoba iningi lamabandla linjalo kulobubusuku, inqwaba yePentecostal lapho, lapho kufika imithwalo enzima nabantu baqala ukukhala, "O, besingathanda kuNkulunkulu ukuthi ngabe safela ezansi eGibhithe," manje kwenzekani na?

101 UNkulunkulu wabizela uMose no-Aroni e, Bukhoneni baKhe, wehlela eNkazimulweni yeShekina futhi wababusisa, uNkulunkulu watshela umprofethi, wathi, "Hamba, ukhulume eDwaleni," amen, phakathi kwazo zonke izono zabo.

102 Uma uNkulunkulu wayefuna ukubeka ukwahlulela phezu kwethu, akukho namunye wethu, ngaphandle kwalowo okhonondile, sifanele ukuya esihogweni, asikufanele ukuphulukiswa kwethu, asifanele insindiso yethu. Kodwa phakathi kwakho konke, lowoNkulunkulu ofanayo owathethelela izono zabo nakho konke ukungabaza kwabo, Wayesalokhu ethi, "Khuluma eDwaleni, futhi Liyoveza amanzi aKhe." Amen. Kunjalo. Akunandaba ukuthi kwenzekeni, yiba usalokhu ukhuluma eDwaleni, ezonweni zabo, yiba usalokhu ukhuluma eDwaleni.

103 Ngalo impela usuku lapho amabandla onke eqophisana kakhulu futhi ephikisana, lelo lithi, "Ngiyi*lokhu*," nelinye, "Ngiyi*lokho*," nelilodwa yi*lokhu*, *lokho*, no*kunye*, "Ungazihlanganisi ngalutho *nalabo* na*lelo*," UNkulunkulu uphakathi ngqo kwakho konke okwakho, usathumela uMoya oNgcwele waKhe, usathumela amandla aKhe, usaphulukisa abagulayo, usakhombisa isibonakaliso sikaMesiya ephila phakathi kwabantu, onguye izolo, namuhla, naphakade, phakathi kokuxabana kwethu kwenyama, nezinto.

104 Babukeni, abaningi babo bathi, "Awu manje, uma kuyilokho kuphela ongakwenza! Lapha sikhempe phandle ogwadule, simbe kuzo zonke iziphethu, simbe kuzo zonke izindawo ezinamanzi ogwadule, futhi akukho-manzi."

105 Futhi nokho yona impela indawo eyome kunazo zonke kulo lonke ugwadule kwakuyileloDwala elidala lilele phezulu lapho egqumeni, "Hamba ukhulume eDwaleni." UNkulunkulu uzenza

kanjani izinto! Kuvele nje kudide umqondo wenyama, abazi nje ukuthi benzeni ngakho.

106 Manje, indawo eyome kunazo zonke ogwadule yidwala, noma ubani uyakwazi lokho. Awu, uma kungekho…uma bengakwazi ukuthola amanzi eziphethwini zakudala, khona-ke bazowathola kanjani edwaleni na?

107 Uma bengenakukuthola ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu ebandleni eli*khulu* elina*leli*gama…"Uma kukhona noma yikuphi ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu bekuyoba kulelibandla eli*khulu* esikhonza kulo, noma bekuyoba kulelibandla eli*khulu* esikhonza kulo, isiphethu esidala, ukuthi uzolithola kanjani ezweni elilodwa manje, ukuba uye esiqongweni sentaba futhi ukhulume kulelodwala lapho kungekho-manzi phezulu lapho kwasekuqaleni nje na?" Kodwa into yakho yayingukuthi, akusikho ukuthi kubukeka kanjani, ngukuthatha uNkulunkulu eZwini laKhe, khuluma, noma kanjani.

108 Uma udokotela ekwala, wathi, "Lowomdlavuza uzokubulala, bekungaba kanjani noma yini…ukuba umuntu abeke izandla phezu kwakho na?"

109 Akwenzi mehluko ukuthi kubukeka kanjani, ukuthi kubukeka kungubuwula kanjani kwisayense, UNkulunkulu wathi, "Bayobeka izandla phezu kwabagulayo, futhi bayosinda," akunandaba ukuthi kubukeka kanjani.

110 "Usho ukuthi ngosuku olunjengalolu lapho sinalo lonke usiko-mpilo, nayo yonke i—yonke i, lelisiko-mpilo…" Bengihlala njalo ngicabanga ngesiko-mpilo, ya, leyo—leyo yinto enkulu, e-hhe, awu, umbono wami—wami ngesiko-mpilo yindoda engenaso isibindi esenele ukubulala unogwaja, kodwa ingadla okugcwele isisu sawo emva kokuba omunye umuntu ewubulala. Manje, lokho yi…O, he! Esikudingayo namhlanje akusilo isiko-mpilo, esikudingayo namhlanje nguMoya oNgcwele ukuletha ukukholwa kithi eZwini likaNkulunkulu ophilayo. Kunjalo impela.

111 Ngalolusuku olukhulu lwemfundo, lolusuku olukhulu lwesayense, kusho ukuthini lokho kuNkulunkulu na? Ngani, ba…Isayense, ngesinye isikhathi, yakha u—umbhoshongo omkhulukazi, wawuzofinyelela yonke indlela ungene eZulwini, noNkulunkulu wavele wahlala nje futhi wahleka ukungazi kwabo. Nento Ayenzile, Wathumela umnyakazo wezilimi omncane ezansi lapho futhi kwasanganisa yonke into. O, uNkulunkulu angenza nje lokho Afuna ukukwenza, Angeke na? O, UnguNkulunkulu, UnguNkulunkulu kuze kube phakade, impela.

112 Qaphelani ukuthi kwenzekeni lapha, manje, lapho sithola ukuthi uNkulunkulu watshela u-Aroni phakathi kwakho konke

lokho, yena noMose, "Hamba, ukhulume eDwaleni, futhi Liyoveza amanzi aKhe."

113 Ubuwula obungaka, lowomqondo wenyama, "Awu, uma lokho kungokuhle ukwedlula konke onganginika khona, kuyeke nje."

114 Njengo-Eliya, ngolunye usuku ngenkathi eyokhuleka, futhi wathumela inceku yakhe phezulu ukubona ukuthi sasikhona yini isibonakaliso sefu. Wahamba okwesikhombisa, ngenkathi ebuya wathi, "O, yebo, kukhona ifu elincane, elingangesandla somuntu, ngale entshonalanga laphaya."

115 Wathi, "Gingqani umphongolo wemvula, ngizwa umsindo wemvula eningi ezayo." Kwakuyini na?

116 Ngani, u—ngani, umqondo wenyama wawuyokubamba ngokushesha lokho, futhi uthi, "Awu, uma lokho kungokwedlula konke onganginika khona! Uma lokho kuyilokho kuphela ongakwenza!"

117 O, mfowethu, kakhulu kangakanani isibonakaliso salokho esinaso sikaNkulunkulu ophilayo phakathi kwethu kulobubusuku! Ukuthi se—sedlule kanjani ekufeni sangena ekuPhileni, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele ufike phezu kwethu, uJesu uyasiphulukisa, uJesu uyasisindisa, uJesu ugcwalisa ngoMoya oNgcwele, uJesu uyehla futhi ukhombisa izimangaliso, wehlulela inhliziyo, wenza izibonakaliso, iNsika yoMlilo, izithombe ezithathiwe, Ilapha manje, uJesu ofanayo owayenguye izolo, nguyena izolo, namuhla, naphakade!

118 UJesu wathi, ngenkathi Ebuzwa, wathi, "Ungumuntu kepha oneminyaka engamashumi amahlanu ubudala, futhi uthi ubone u-Abrahama na?"

119 Wathi, "Engakabikho u-Abrahama, NGIKHONA." Futhi u NGIKHONA wayeyileyoNsika yoMlilo eyahola uMose ehlane.

120 Ngenkathi Esemhlabeni, Wathi, "Ngavela kuNkulunkulu futhi Ngiya kuNkulunkulu. Kuseyisikhashana nezwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona ngokuba Ngi," *Ngi* yisabizwana somuntu, "Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe." Kunjalo.

121 Futhi ngenkathi Efa, wembelwa, wavuka, cishe emavikini ambalwa kamuva, uSawulu wayesendleleni yakhe ehlela eDamaseku, neNsika yoMlilo enkulu, eyahola abantwana bakwa-Israyeli, yawa phambi kwakhe lapho, yakhipha amehlo akhe, Yathi, "Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?"

Wathi, "Ungubani Wena, Nkosi na?"

122 Wathi, "NginguJesu, futhi kul'khuni kuwe ukukhahlela ameva." Kwakuyini na? Uvela kuNkulunkulu, wahlala enyameni, wabuyela kuNkulunkulu. LeyoNsika yoMlilo efanayo, lowoMoya oNgcwele ofanayo unathi kulobubusuku, enza imisebenzi efanayo, izibonakaliso ezifanayo, okufanayo

konke okunye, efakazisa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Owesifazane wayengathinta umphetho wengubo yaKhe, o, indoda ingatshelwa ukuthi ingubani, ukuthi yenzeni, ukuthi iphuma kanjani kukho, konke ngamandla kaNkulunkulu ophilayo ohlala phakathi kwabantu baKhe. Amen. Kulungile.

123 Nokho, "Khuluma eDwaleni." Ake sibuke abanye abantu abakhuluma eDwaleni. Ake sithole ukuthi kwenzekeni. Umuntu wokuqala owake wakhuluma eDwaleni wayeyindoda eyaboshelwa esayenseni yezenkolo ethize, wazenzela isethi yamaqabunga omkhiwane, u-Adamu, wacabanga, "Lokho kuzokwenza kahle nje njenganoma yini." Kodwa ngenkathi efika ubuso nobuso noNkulunkulu, wathola ukuthi wayehamba-ze. Wenzani na? Wakhuluma eDwaleni, neDwala lamenzela indlela yokuphunyuka, iDwala elalise-Edene.

124 Kwakukhona uNowa, enye indoda eyayishumayelile, nabantu bamshaya indiva futhi bamhleka, ngolunye usuku wakhuluma eDwaleni, neDwala lamthatha lamfaka emkhunjini, futhi lamfaka ezingalweni zaKhe, futhi lamgibeza ngaphezu kweziphepho, futhi laminzisa izwe elihluphayo. Yebo, mnumzane, uNowa.

125 Kwake kwabakhona indoda eyayithiwa uDaniyeli, eyayisemphandwini wezingonyama. Wehlela eBabiloni, futhi washo phakathi kwakhe ukuthi wayengeke azingcolise ngokudla kwenkosi, wayengezukuzihlanganisa ngalutho nezwe, nakuba wayefanele aphile phakathi kwalabobantu, kodwa wayengezukuzingcolisa, wazimisela enhliziyweni yakhe ukuthi wayengezukukwenza. Futhi ngelinye ilanga inkosi yamphonsa emgodini wezingonyama ngoba wayehamba emgqeni womsebenzi, kodwa wakhuluma eDwaleni, naleyoNsika yoMlilo yehla futhi yavimba izingonyama kuye ubusuku bonke ngoba wakhuluma eDwaleni ngaphambi kokuba aye emgodini.

126 Kwakukhona abantwana bamaHeberu ababengekhothamele izithombe zeNkosi uNebukadinezari, futhi babaphosa esithandweni somlilo, futhi bakhuluma eDwaleni, neNdoda yesine yayimi esithandweni somlilo lapho, iDwala lemiNyaka. Haleluya! UDavide wathi, "Uma ngendlala umbhede wami ehayidese, Uyoba lapho. Uma ngithatha amaphiko okusa, futhi ngindize ngihambe . . ."

127 Qaphelani uHagari, wayekhishelwe ngaphandle kwekhaya lakhe, wayenomncane, umfana oncelayo, u-Ishmayeli, waphumela ogwadule, engenandawo angaya kuyo, amanzi ayesephelile, wayengenzani na? Wayekhulele ekhaya elalijwayelene neDwala, futhi wenzani na? Wayengafuni ukubona ingane ifa, ngakho wathatha umfo omncane, wayesemlalisa ngaphansi kwesihlahla, futhi wahamba wadubula umnsalo, futhi wawa ngamadolo akhe, futhi

wakhuluma eDwaleni, neDwala laveza amanzi aLo, naleyongane yasindiswa.

128 Futhi kuze kube namuhla, iBeerlahairoi isamile lapho, lowomthombo, ukuthi "UNkulunkulu Ongibonile." Wakhuluma eDwaleni ngengane yakhe efayo.

129 Ungakhuluma eDwaleni kulobubusuku na? Ngabe uyakhulumisana naYe na? Kukhona okwaziyo ngaYe na?

130 UJoshuwa, wahamba nje, uwela iJordani emva kokuba esenze lesosinqumo esikhulu, wabathulisa abantu, wathi, "Siyakwazi ukulithatha."

131 UNkulunkulu wathi, "Joshuwa, nguwe owazi konke ngakho, Ngizokuvumela nje uhole abantwana kusukela manje kuqhubeke."

132 Wawelela emkhankasweni wakhe wokuqala, wakhuphukela odongeni lwaseJeriko, wahamba ngakulo, wayesethi, "Manje, ngizodlula kanjani kulo na? Ngizokwenyuka kanjani kulezozindonga na? Banawo onke lawomadwala, nezinto, kulele phezulu lapho, iminsalo yabo, nezinto, sebelungele ukudubula, futhi nakhu siphandle lapha, ikakhulukazi singahlomile, lokho nje esikucoshe empangweni yonkana ohambweni lwethu, futhi nakho lapho sikhona. Ngizokwenza kanjani na?" Futhi emva kwesikhashana wabona iNdoda imi nenkemba yaYo ihoshiwe. Wathi, "Ungubani Wena na? Uyisitha sethu na? Ngabe Ungomunye wethu na?"

133 Yathi, "Qhabo, ngiyiNduna yebandla leNkosi."

134 Futhi uJoshuwa wakhuluma eDwaleni. Futhi kwaba nokumemeza, nezindonga zawa phansi, ngoba wakhuluma eDwaleni.

135 Eminyakeni engamakhulu amaningana kamuva kusukela ngaleyonkathi, kwakukhona isinxibi esidala esiyimpumputhe sihlezi kwamanye alawomatshe ayewe kulolodonga. O, he, ukukhuluma kweDwala kwase kuvele kuchaziwe ebandleni, "Yayingekho into enjalo." Kodwa sasihlezi lapho siyimpumputhe, sicabanga ngakho kulowomgwaqo, ngenkathi sazi ukuthi u-Elisha no-Eliya behla ngalowomgwaqo ofanayo, bebambene ngengalo, beya eJordani. Ngaleya nje kwalapho uJoshuwa wayekhulume naleNduna enkulu yebandla leNkosi. Sathi, "O, ukuba ngangiphile ngalolosuku bengiyokhuluma naYe, nami." Futhi cishe ngalesosikhathi umsindo uqala ukufika.

136 Niyazi, ngokwejwayelekile lapho uNkulunkulu ekhona kukhona inqwaba yomsindo, angazi ukuthi kungani kunjalo, kodwa kunenqwaba yomsindo nomaphi lapho uNkulunkulu eza khona. Nakhu kufika leyoNduna efanayo yebandla leNkosi. Abantu bazama ukusithulisa, kodwa sakhuluma eDwaleni, neDwala lasibuyisela ukubona kwaso. Sona . . .

137 Bazama ukusithulisa, bazama ukusithulisa. Sihlezi lapho siqhaqhazela, eyaso emidadlana, imilenze engenalutho ilele lapho kulelolanga nezindadlana zaso, izingalo ezishwabene ne—nelaso elidala, ibhantshi elimanikiniki, kodwa saphosa lelobhantshi ngapha nangapha, sasesisuka. Ngokuba kungani na? Sasesilungele ukukhuluma eDwaleni, neDwala lasibuyisela ukubona kwaso. Haleluya!

138 Leso yisexwayiso kuyo yonke impumputhe phakathi lapha kulobubusuku, noma ngabe uyimpumputhe ngokomoya, noma uyimpumputhe ngokwenyama: Khuluma eDwaleni. UyiDwala elinikeza ukubona. Amen. Khuluma eDwaleni. Yebo, mnumzane. Impumputhe. . .

139 Kwakukhona owesifazane ngesinye isikhathi, owaphuma waya emthonjeni ukuyokha amanzi, wayesesimweni esibi, wayengunondindwa, wabona iNdoda ihlezi laphaya incike odongeni, futhi wayengazi ukuthi YayinguBani.

140 Emva kwesikhashana Yathi, "Sifazane, ngiphuzise." Yahamba yayokhuluma naye, yaze Wathola ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, Yathi, "Hamba, ulande indoda yakho."

Wathi, "Anginayo."

"Ngani," Yathi, "yiqiniso lelo, ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho."

Wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Siyazi ukuthi kuneDwala elizayo ngoluny'usuku, elibizwa ngoMesiya, futhi Uyokwenza lokhu."

Yathi, "NginguYe okhuluma kuwe."

141 Sengiyambona eqathaza leyombiza yamanzi, amehlo akhe amakhulu, amahle ecwebezela, washo wangena emzini azi ukuthi wayekhulume eDwaleni. Haleluya! Futhi wathola Amanzi ayengezanga kulowomthombo ukuzowakha. O, wayekhulume eDwaleni.

142 UMarta omncane, ngesinye isikhathi umfowabo wayefile, futhi wembelwa, izinsuku ezine phandle ethuneni, esevele ebola, izibungu zesikhumba zidla emzimbeni wakhe, futhi wezwa ukuthi kwakukhona into ethize emzini, ukuthi uJesu wayefikile. Waphumela lapho lapho Ayekhona, wawa phansi phambi kwaKhe, wayesethi, "Nkosi, uma Ubukhona, umnewethu nga engafanga, kodwa nakalokhu, Nkosi, noma yini Oyicela kuNkulunkulu, uNkulunkulu uzoKunika khona."

Wathi, "Umfowenu uyakuvuka futhi."

143 Ngani na? Wakhuluma eDwaleni, amen, futhi Lakhipha ukufa ekonakaleni, futhi lakhuza ukufa futhi laletha ukuphila. Lapho indoda yayikade ifile izinsuku ezine, yama ngezinyawo zayo, yabuye yaphila futhi, ngoba owesifazane wakhuluma eDwaleni.

144 Abafundi ngobunye ubusuku wayephandle olwandle, onke amathemba lalingasekho, futhi kwenzekani na? Babone Into ethize, Yayibukeka ifana nethonga iza kubo, futhi bathola ukuthi KwakuyiDwala, futhi bakhuluma eDwaleni, amathemba amasha ayangena, futhi basuka bahamba, nayo yonke into yasindiswa ngoba bakhuluma eDwaleni.

145 UJayiru, umpristi omncane, indodakazi yakhe yayifile, onke amathemba lalingasekho, khona manjalo kwenzeka wacabanga ngento ethize. Umkakhe wambona egijima, ethatha isigqoko sakhe, "Uyaphi, Jayiru na?" Udokotela wayephuma endlini, usememezele ukuthi ifile, inhliziyo yayo isimile, ayisenakho ukuphefumula, ikade igula izinsuku eziningana, manje ayisekho. Wathi, "Uyaphi manje na? Usiphethele ini isigqoko sakho na?"

146 "Kwenzekile nje ngacabanga, ngiyaphuma ukuyokhuluma eDwaleni." NeDwala laveza ukuphila futhi endodakazini yakhe. Haleluya! Lowo nguNkulunkulu wethu.

147 Uma udinga ukuphila, khuluma eDwaleni; uma udinga ukujabula, khuluma eDwaleni; uma udinga ukuphulukiswa, khuluma eDwaleni; uma udinga uMoya oNgcwele, khuluma eDwaleni; noma yini oyidingayo, khuluma eDwaleni, futhi Uzoveza amanzi aKhe. Uyakukholwa lokho na?

148 Okudingwa yibandla kulobubusuku, ngukubuyela emuva ekukhulumisaneni neDwala, iDwala lemiNyaka, uKristu Jesu, iDwala likaNkulunkulu elishayiwe, Lelo yiDwala likaNkulunkulu, Liyinsindiso kaNkulunkulu. Lowo kusengumyalo wethu kulobubusuku, kuyinoma yini esiyidingayo, khuluma eDwaleni, futhi usebenzise iGama leDwala, noNkulunkulu uzoveza amanzi aKhe aphume kuleloDwala. Whewu! Udumo!

149 Ngizwa sengathi ngingagijima amamayela ayikhulu. Ngani na? O, mfowethu, ngiyazi leloDwala elishayiwe lilele khona lapha manje. Ungabe usaLishaya, khuluma kuLo nje, khuluma eDwaleni nje, futhi Lizoveza amanzi aKhe. Uyakukholwa lokho na?

150 Asikhothamise amakhanda ethu futhi sikhulume kuYeke. Noma yini oyidingayo, khuluma kuleloDwala, futhi ubone ukuthi Uzowaveza yini amanzi aKhe.

151 O Nkulunkulu, yiba nomusa, siyazi ukuthi Wena uyiDwala ezweni eliyethileyo, UnguMpheme ngesikhathi sesiphepho. Akumangalisi uJesu athi, "Uma bethula, lelidwala ngokushesha liyomemeza." Amadwala!

152 UJohane wathi, "UNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulawamadwala." Nkulunkulu, siKubonga kanjani ukuthi singakhuluma kuWe, sibonga kakhulu ukuba sibe nokukhulumisana. IGazi likaJesu Kristu lisibeka kulesisimo. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uthethelela zonke izono zabantu

phakathi lapha. Sithathe sonke ndawonye kulobubusuku, Baba. Sithethelele izono zethu, phulukisa ukugula kwethu. Kwangathi iNkosi uNkulunkulu waseZulwini ingakhombisa amandla aYo nenkazimulo yaYo phezu kwalababantu.

153 Sisakhothamise amakhanda ethu, angazi noma ukhona yini phakathi lapha ongaMazi, futhi ungathanda ukukhuluma kuYe ngakho, njengoMsindisi wakho. Ungasiphakamisa isandla sakho na? Uthi, "Nkosi Nkulunkulu, ngihawukele futhi ungiphe ukuPhila okuPhakade. Ngi . . . " Ningaziphakamisa izandla zenu na? UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Angabakhona omunye na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Angabakhona omunye na? Omunye umuntu na? UNkulunkulu akubusise emuva lapho, dade. Omunye uthi, "Ngingathanda ukukhuluma eDwaleni, Mfowethu Branham. UyaMazi na?"

154 Yebo, ngiyaMazi. Ngijwayelene naYe, UnguMngane wami, UnguMsindisi wami. Ngakhuluma kuYe eminyakeni engamashumi amathathu nanye edlule, Uthethelela zonke izono zami, Uphulukise zonke izifo zami, Unginika ukuthula nokwaneliseka.

155 Ungathanda ukuba ngikukhulumele kuYe, ukuthi ungathanda ukuMazi, nawe na? Omunye futhi phakamisa isandla sakho, uthi, "Mina, Mfowethu Branham, ngingathanda ukuMazi." Phakamisa isandla sakho nje, uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham." Impela ngizokwenza. INkosi inibusise.

156 Angabakhona omunye ngaphambi kokuba sivale na? UNkulunkulu akubusise emuva lapho, mnumzane. Lokho kuhle, lokho ngukuhlabeka ngempela. UNkulunkulu akubusise ngapha, mnumzane, ngakwesokunxele sami. UNkulunkulu akubusise, umfo omncane emuva lapho, umfana omncane, uNkulunkulu abe nawe, ndodana, enze umshumayeli ngawe. Omunye umuntu uthi, "Ngingathanda ukukhuluma eDwaleni"? Kulungile. Akekho omunye na? UNkulunkulu akubusise emuva lapho, ngibone isandla sakho ngaleso sikhathi nje. Ngilinde umzuzwana nje ukubona ukuthi engaba khona yini omunye.

157 Cabanga ngakho manje. Ngabe usogwadule na? Awazi ukuthi uzoya kuphi na? Uke waba . . . wasuka endleleni egandayiwe ngempela na? Kungani ungakhulumi eDwaleni na? Uzoveza amanzi aKhe. LeloDwala elishayiwe laliyiNtonga yokwahlulela kaMose, iNtonga yokwahlulela kaNkulunkulu yashaya iDwala, futhi Lalinomfantu kuLo. Futhi kuleloDwala elifanayo bathola uju ngelinye ilanga. O, he!

158 Ukwahlulela kukaNkulunkulu kwamshaya uJesu Kristu, OwayeyiDwala lensindiso yethu, kunomfantu ohlangothini lwaKhe, uju luseDwaleni, njengoba sishilo kulokhu ukusa. Bathola ukudla, uthola umpheme ngesikhathi sesiphepho, uthola ukuphulukiswa komzimba wakho. Uthola (uNkulunkulu

abusise lentombazane esencane ehlezi lapha.), thola noma yini oyidingayo, iseDwaleni.

159 Uma nje uMkholwa manje ngayo yonke inhliziyo yakho! Kulungile. Ngithole isandla sakho emuva lapho, futhi. Ngilindile nje, ngilindele ukubona ukuthi uMoya oNgcwele uzothini. Kulungile. "Uma ukholwa!" Kulungile.

160 Baba wethu waseZulwini, Uyazibona izandla zabo, bafuna ukukhuluma naWe. Ngibaletha eBukhoneni baKho, Nkosi, kwangathi lobu kungaba ubusuku, Nkulunkulu, kusasa kungahle kube leyithi kakhulu. Lapho. . .Singahle singabi, akukho namunye wethu oba lapha kusasa. Sazi kanjani ukuthi into enkulu ayenzeki manje ukuqala izwe ukuliqhumisa na? Sazi kanjani ukuthi umcibisholo ojikijelwayo ngeke udedeleke ndawondawo, futhi uzobangela ukudubula kuqale na? Lapho lesosikhathi siqala, iBandla liyoba sendleleni yaLo ebheke eNkazimulweni, O Nkulunkulu, Liyokwenyuswa liwele iJordani, iJordani lokufa, futhi liyongena eNkazimulweni.

161 Makuthi uBukhona baKho baziwe kulababantu kulobubusuku, Baba. Mabazi ukuthi Lona abamphakamisele izandla zabo, useyiNkosi uNkulunkulu ofanayo, Akaguquki, abantu bayaguquka, isikhathi siyaguquka, kodwa uNkulunkulu akaguquki. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

162 . . .khuphukela lapha. Futhi omunye wabefundisi lapha, abazalwane. . .Ngezinye izikhathi kulezizinkonzo zokuphulukisa, ngiba buthakathaka kakhulu angikwazi ngisho ukubona lapho engimi khona, futhi indodana yami, noma uLeo, noma uGene, noma abanye babo bazoza, bangishaye ohlangothini futhi bangikhiphe. Yingoba leyomibono nje ingenza ngibe buthakathaka kakhulu, kul'khuni ukuthi ngime lapha. Niyabo? Yingalesosizathu ngicabanga ukuthi kwenele kakhulu. Futhi ngethemba wena, mfowethu, wena dadewethu, wena ophakamise isandla sakho, wena ongamazi uNkulunkulu, yinsindiso yakho. UNkulunkulu usevele ungisindisile, kodwa nje bengingeke nganeliseka ngaphandle uma usindisiwe, ngifuna wena uhambe, futhi, ngifuna wena ube Lapho.

163 Manje, uNkulunkulu aka—uNkulunkulu akazenzi izinto nje. . .Uma bengingama kulobubusuku, futhi ngithi, "Ngizokutshela ukuthi ubani ozoba ngumongameli," futhi ngikutshele impela nje, futhi kuyoba ngaleyondlela, awu, emva kwesikhashana ubuyothi, "UMfowethu Branham ungumprofethi omkhulu. Impela, washo ngqo ukuthi ubani oyoba ngumongameli." Kodwa niyazi ukuthini? Bekuyosiza ngani na? Niyabo? Bekungeke kumphakamise uNkulunkulu ngalutho, lokho bekuyophakamisa mina. Niyabo? Ngakho, uNkulunkulu akazenzi lezozinto kanjalo, uNkulunkulu akakwenzi, Wenza izinto nje enzela inkazimulo yaKhe.

164 U—Uvumela umprofethi angene endaweni enjalo kuze kuthi ngisho nomprofethi ngezinye izikhathi ucabanga ukuthi nguye uqobo. NjengoDavide eHubweni 22 wakhala, "Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, Ungishiyeleni na?" Wona impela amaZwi uJesu awasho esiphambanweni. Kwakuyini na? UMoya kaKristu kuye wawumgcobile, futhi wakhuluma amaZwi kaKristu.

165 Bukani u—u-Isaya, ukuthi wakhuluma kanjani futhi wacabanga ukuthi kwakunguye, uMesiya wayekuye *kakhulu*. Bukani uDavide enyukela phezu kwentaba, ebuka emuva phezu kweJerusalema, ekhala izinyembezi njengenkosi elahliweyo, eminyakeni engamakhulu ambalwa nje emva kwalokho, iNdodana kaDavide yakhuphuka iyiNkosi elahliweyo, ibheka emuva phezu kweJerusalema ikhala izinyembezi, "Jerusalema, Jerusalema, beNgithanda kangakanani ukukufukamela, njengesikhukhukazi senza emazinyaneni aso, kepha anivumi!" Cabanga ngakho. Manje, lowo nguMoya kaNkulunkulu. Manje, uNkulunkulu usebenzisa abaprofethi baKhe ukuMkhazimulisa. Uyakukholwa lokho na?

166 Manje, emgqeni lapha kulobubusuku, angizisho ukuthi ngingumphulukisi sanhlobo, angisuye umphulukisi, uNkulunkulu unguMphulukisi. Konke lokho uNkulunkulu angakwenzela khona, Usevele ukwenzile, manje into elandelayo ozofanele uyenze ngukuba nokukholwa ukwemukela lokho Akwenzile. Ukunike isethembiso, Ufuna wena ungene. Manje, bangaki okholwayo ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade na? Ngiyabonga. Bangaki owaziyo ukuthi UngumPristi oMkhulu, khona manje, onokuzwelana nobuthakathaka bethu na?

167 Ubungazi kanjani ukuthi uMthintile, uma uMthintile na? Awu, U . . . Ubeyokwenza kanjani lowomPristi oMkhulu na? Ngokufanayo njengoba Enzile izolo. Ngabe kunjalo na? Ubeyofana. Uma ubungaMthinta lapho ukhona khona manje, bese uthinta umphetho wengubo yaKhe, khona-ke uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Ubeyojika abuyele emuva ngqo ngoMoya waKhe futhi enze into efanayo Ayenza kulowo wesifazane owaMthinta. Ngabe kunjalo na? Wabuka ngaphandle waze Wathola ukuthi wayengubani, kwakukhona izixuku ezinkulu zabantu lapho ziMthinta, kodwa Wabuka phezu kwalezozethameli waze Wathola ukuthi wayengubani, Wathi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile. Umopho wakho awusekho." Niyabo? Wayekwazi.

168 Manje, yini eyakwenza na? Wathinta umPristi oMkhulu. Ungenza into efanayo kulobubusuku, uma EngumPristi oMkhulu ofanayo. Uma kuyiNsika yoMlilo efanayo, uma lesisithombe esinaso lapha, ngezinye izikhathi nginazo zibekwe lapha, kodwa isithombe seNgelosi yeNkosi, uma Leyo kuyiNgelosi yeNkosi efanayo, Izokwenza into efanayo.

Uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, kuzoveza ukuPhila kwaKhe.

169 Awusho, bangaki obuzwayo uBukhona bukaNkulunkulu na? Kuyangidwengula nje ngibe yizicucu lapha kulomsamo. Kunjalo, bangane. Angikwenzi ngisho. . .Ngikholwa ukuthi asidingi ngisho nokuba sibe nomugqa womkhuleko. Bangaki okholwayo ukuthi uNkulunkulu angakubiza khona phandle lapho, noma ngabe ungubani, futhi akuphulukise manje ngaphandle komugqa womkhuleko na? Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, uNkulunkulu uzokwenza. Kulungile. Uzokholwa uma Ezokwenza na? UzoMkholwa, uMemukele na? Kulungile.

170 Bangaki ogulayo phakathi lapha na? Phakamisani izandla zenu. Bangaki ofuna uNkulunkulu empilweni yakho ukuba aphulukiswe na? Phakamisani izandla zenu. Manje, bangaki kini abayizihambi kimi na? Phakamisani izandla zenu, ukuthi angazi lutho ngani, phakamisani izandla zenu. Kulungile. Manje khulekani. Awu. . .Khuleka kumPristi oMkhulu futhi uthinte ingubo yaKhe, ubone ukuthi kwenzekani.

171 O, uma Ezokwenza lokhu! Angazi ukuthi Uzokwenza, nge—ngethemba ukuthi Uzokwenza. Ngikholwa ukuthi ugcobo, leyoNsika yoMlilo efanayo ilapha kulobubusuku, ngiyakukholwa. Ngiyakukholwa ngenhliziyo yami yonke. Wathi, Wangitshela, Wangitshela ukuthi kuyo—kuyokwenzeka. NgiyaMkholwa ngenhliziyo yami yonke, ngiyaMkholwa.

172 Sathane, ungavele nje usuke ngoba angilaleli noma iyiphi inkucunkucu yakho. Ngikholwa ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade, IBhayibheli laKhe lakwethembisa, futhi Usenguye, abantu bangaMthinta.

173 Nkosi Nkulunkulu, makufakaziswe kulobubusuku. Makuthi uMoya oNgcwele ukufakazise, ukuthi UyiNkosi uJesu ofanayo, ukuthi Ungathintwa. Siphe khona, Nkosi. Sebenzisa inceku yaKho ethobekile, Nkosi Nkulunkulu, khuluma kubantu ngami, uma Ungasebenzisa iphimbo lami, ngilapha, Nkosi. Uma Ungasebenzisa ukukholwa kwabo, khuluma, Nkosi, ukuze kukhuthaze abanye. Makuthi omunye aKuthinte, Nkosi, ukuze bazi ukuthi UyiDwala lemiNyaka elifanayo, UyiDwala elifanayo eliyoveza amanzi aLo ngokushesha nje lapho Ukhuluma kuLo. Ngokuba ngumPristi oMkhulu manje onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Siphe khona, Nkosi. Makube njalo, eGameni likaJesu.

174 Kholwa nje, ngena nje ngenhlonipho yokuzithoba, futhi ukholwe. Manje, angikwazi ukukwenza, ngukukholwa kwakho—kwakho okufanele kukwenze. Yiba nokukholwa nje, ngokuzithoba. Ungacindezeli, ungacindezeli, khululeka nje, uthi, "Yebo, Nkosi, ngiyaKukholwa, ngiza kuWe, Nkosi. Leyondoda ayingazi. Ibiyongazi kanjani na? Iyisihambi kimi.

Manje, ngiyazi Ushumayele iqiniso, ngoba nakhu eBhayibhelini, ngiyazi ukuthi lokho kuqinisile. Kodwa manje, uma Uhloniphe abantu baKho ngokuthumela isiphiwo phakathi kwethu, khona-ke, Nkosi, mangibe nezinzuzo zakho. Noma uma—uma ngingakudingi . . . ”

175 Uma ungakudingi ukuphulukiswa, uthi, “Nkosi, thinta omunye umuntu phakathi lapha okhulekayo,” yisho lokho. Uma ungakudingi ukuphulukiswa, makuthi omunye umuntu, bekukhona izandla ezimbalwa eziphakamile ebezidinga ukuphulukiswa, angazi ukuthi bebengobani, kodwa uma ungakudingi, wena—wena—wena khulekela omunye umuntu okudingayo. Uthi, “Ngiyamazi umuntu lapha odinga ukuphulukiswa. UMoya oNgcwele mawukhulume kuleyondoda, ubize lowomuntu.” Kukholwe nje kanjalo, futhi ubone ukuthi kwenzekani.

176 O, akusona yini isikhathi esikhulu lesi na? Nakhu, akunandaba ukuthi ngithini, uma uNkulunkulu engaligcini iZwi laKhe, Akasuye uNkulunkulu. Manje, ayikho enye inkolo engenza lokho kuma. UJesu wethu akafile, Wafa, qiniso, kodwa Wavuka futhi, Uphila kuze kube phakade. Makabongwe uNkulunkulu ophilayo.

177 Lapha, ukuze nazi, nanti inenekazi elincane lihlezi khona lapha, angilazi, angikaze ngilibone empilweni yami. Kodwa owesifazane uphethwe yisimo sezibhono. Kunjalo, akunjalo, nenekazi na? Ubunokukholwa okuningi kunalokho obucabanga ukuthi ubunakho, ubungenjalo na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, nenekazi, phezulu le ukuze abantu babone. Nakho-ke. Uthinteni na? OMkhulu . . . Ngisho enye into, lowo wesifazane akasuye owalapha, uvela kwelinye idolobha, i-Ukiah. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho (Lelo yiqiniso impela.), ungaya ekhaya futhi uphiliswe, ngokuba uJesu Kristu uyakusindisa. Amen.

178 Uthinteni na? Mbuzeni ukuthi wake wangazi yini na? Anginandlela yokukwazi. Kodwa bekuyini na? Bukani *lapho*, anikuboni lokho kuKhanya kusalokhu kulenga phezu kwalowo wesifazane khona *lapho* na? Bukani lokho kuKhanya, khona *lapho*.

179 Kukhona elinye inenekazi, eliwela ngqo emuva emva kwalo lapho, emuva ngqo ngalendlela, liphethwe yinkathazo yabesifazane. Nkk. Haggy, uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho ukuthi uNkulunkulu . . . ? Kunjalo, uyilowo-ke. Ngiyisihambi kuwe. Uphethwe yilesosifo, uhlezi lapho ukhuleka. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho ukuze abantu bezobona.

180 Nango. Uthinteni na? Uthinte umphetho wengubo yaKhe, hhayi ingubo yami, uqhele ngamayadi angamashumi amathathu

kimi, uthinte umphetho wengubo yomPristi oMkhulu. NiyaMthanda na? Yiba nokukholwa, kholwa nguNkulunkulu.

Omunye kulesisigaba kholwa.

181 Lapha, nakhu kuhlezi indoda ihlezi lapha ingibuka. Indoda inomoya omnyama phezu kwayo, inesithuthwane. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa, akusindise na? Uhlushwa yilokho kuwa, e, isithuthwane. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa, futhi akusindise na? Uma ukholwa, phakamisa isandla sakho, uthi "Ngiyakwemukela." Hamba uye ekhaya, futhi kwangathi udeveli angakushiya, futhi angaphinde akuhluphe, eGameni likaJesu Kristu.

182 Lapha, ngibona omunye wesifazane, uhlezi khona emuva lapha. Uphethwe yinkathazo yendlala yegilo. Ukhothamise ikhanda lakhe, ubekhuleka. Ubekhuleka, "Nkosi Jesu, makangibize." Uthinte umphetho wengubo yaKhe. O Nkulunkulu, ungamvumeli akugeje, ngiyacela ungakwenzi. Igama lakhe nguNkk. Strait. Kulungile, kholwa Nkk. Strait futhi uye ekhaya futhi uphile. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uyakholwa na? Yima ngezinyawo zakho, futhi ufakaze ukuthi uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa. Kulungile. Uma uyisihambi kimi, phakamisa isandla sakho. Kulungile. Kodwa awusiso isihambi kuKristu.

183 Uma leyo kungesiyo iNkosi uJesu efanayo, angazi ukuthi kuyini. Amen.

Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? "Uma ukholwa!"

184 Ngibona inenekazi elihlezi emuva ngqo ngalendlela, liyagula, linengcindezelo, linokuphelelwa amandla, yisimo sokwethuka, isimo sengqondo. O, ukuba owesifazane ubengakubamba kuphela! Nkulunkulu, ngitshele ukuthi ungubani, ngiyacela kwenze. Igama lakhe nguNkk. Adams. Nkk. Adams, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, noJesu Kristu uzokusindisa. Uyakukholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Uyakwemukela ukuphulukiswa kwakho na? Ungesabi, uma wesaba, uyohlala njalo ukulelozwe; ngukucindezeleka kwengqondo. Kodwa ungangabazi, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Uzokwenza na? Khona-ke sukuma ume ngezinyawo zakho, Nkk. Adams, sukuma ume ngezinyawo zakho. Sukuma, khona lapha, futhi uphulukiswe eGameni likaJesu Kristu.

185 Ngiyamkhuza lowodeveli okuhluphayo ukuba azame ukukuvimba kulokhu! Udeveli uqamba amanga kuwe, uzoba kahle. Hamba uye ekhaya, futhi uphile manje. UNkulunkulu akubusise. Amen. Haleluya!

186 Kukhona indoda emuva ngqo emva kwakhe lapho, ihlezi ekugcineni, ihlushwa yinkathazo yenhliziyo. Mnumzane, uyakukholwa lokho . . .? Unalo ikhadi lomkhuleko, mnumzane na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na?

Unenkathazo yenhliziyo. Waphulukiswa ngayo leyonkathi, uJesu Kristu wakusindisa, uthinte umphetho wengubo yaKhe, bebekukhulekela. Amen.

187 Ngikuphosela inselelo ukuba ukukholwe!

188 Lapha, nangu owesifazane ehlezi phansi ngqo—phansi ngqo ngalendlela, uphethwe imizoko. O Nkulunkulu, ngitshele, ngazise. Nkk. Hudenpough, sukuma ume ngezinyawo zakho, futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho, futhi uphiliswe, eGameni likaJesu Kristu.

189 Ngiphosela inselelo lezizethameli ukuba zikhulume eDwaleni! UyaMkholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Bangaki phakathi lapha okholwayo ukuthi uyakhulumisana naYe manje na? Kulungile. Ungakhuluma kuYe na? Khona-ke bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. Yilokho-ke, zikhohlwe nje, khuluma neDwala. Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, nginikela izwi lomkhuleko, uNkulunkulu aniphulukise.

190 Baba waseZulwini, ngikhuleka kuWe, eGameni likaJesu, thumela uMoya oNgcwele wehle, futhi kwangathi bangakhuluma eDwaleni, neDwala liveza amanzi aLo okuphulukisa, nokuqina, namandla, ukujabula, nothando, nokuthethelelwa kwezono. Siphe khona, Nkosi, ngibanikela kuWe, eGameni likaJesu Kristu.

191 Khuluma eDwaleni, neDwala lizoveza amandla aLo okuphulukisa. Uyakholwa ukuthi ukhuluma eDwaleni na? Wonke umuntu yemukela ukuphulukiswa kwakho manje, yima ngezinyawo zakho, sukuma ume ngezinyawo zakho. Yilokho-ke. Amen. Haleluya! Khuluma eDwaleni.

Manje, asiphakamise izandla zethu futhi sidumise iDwala. Haleluya! Makabongwe uNkulunkulu.

192 SiyaKubonga, Nkosi Jesu, ngamandla aKho, ukuba namandla onke kwaKho. Unguwe izolo, namuhla, naphakade. Sikhuluma eDwaleni, neDwala liveza amanzi aLo. UJesu ofanayo, izolo, namuhla, naphakade, AmaZwi aKho awasoze ehluleka. Lababantu bangabaKho, Nkosi, bayaKuthanda, bayaKudumisa. Nkosi, yipha izoni ukuba zize e-altare lokuphenduka. Siphe khona, Baba, eGameni leNkosi uJesu.

193 Manje, bangaki kini abaMemukelayo na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngikholwa ukuthi Uphakathi kwethu." Phakamisani izandla zenu, Mdumiseni. Mdumiseni! Mdumiseni! Kuhle kakhulu kanjani! Kumangalisa kanjani!

194 Akukho okunye okungenziwa. Angazi lutho olunye engingalwenza manje, Usevele ukwenzile. Asikho isidingo sokubiza umugqa womkhuleko, iDwala selivele lilapha, iDwala selivele liyakhuluma. Haleluya! Kholwani iDwala nje, neDwala

liyoveza amanzi aYo. Ngiyaninikela eDwaleni lemiNyaka, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu.

